basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**FEBRUWARI/MASHI 2017**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba: (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: (2 x 25) (50)

   **QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokuphendula umbuzo owukhethile. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nombhalo. Yonke imibhalo oyikhethile ayibe namalungiselelo

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama -80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Akulahlwa Mbeleko Ngakufelwa. **[50]**

1.2 Ukuzivocavoca Kanye Nokudla Ukudla Okunempilo Kuvikela Izifo Emzimbeni. **[50]**

1.3 Ukuyekiswa Kwabafundi Ukuhlanza Izikole Zabo Kunemiphumela Emihle Nengemihle. **[50]**

1.4 Izinga Lokuthuthuka Kwezobuchwepheshe Lehlisa Umthwalo Emahlombe Othisha.

Luthini Uvo Lwakho Ngalesi Sitatimende? **[50]**


1.5 Ubuntu Abusekho Ebantwini Ngenxa Yothando Lwemali. **[50]**

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe esisodwa ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.google/healthsericses.co.za]

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 **INCWADI EYA KUMHLELI WEPHEPHANDABA**

Indawo yangakini ihlaselwe yisichotho esinamandla. Lesi sichotho sishiye imindeni eminingi isele dengwane.

Bhala incwadi ubhalele umhleli wephephandaba langakini umazise ngalolu daba ukuze abahlukumezekile bazothola usizo kuHulumeni nakoSomabhizinisi. **[25]**

2.2 **UMLANDO KAMUFI**

Nishiywe uzakwenu ebenidlala naye ibhola lezinyawo noma lomnqakiswano. Umndeni ucele ukuba uwelekelele ekubhaleni umlando kamufi.

Bhala umlando kamufi ozokwethulwa ngosuku lomngcwabo. **[25]**

2.3 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Isikole samabanga aphansi owawufunda kuso sizoba nomcimbi wokuvalelisa abafundi bebanga lesikhombisa. Njengomfundi owayeyisihlabani kulesi sikole umenywe uThishanhloko ukuba uzoba yisikhulumi sosuku.

Bhala inkulumo elungiselelwe ozoyethula kulo mcimbi. **[25]**

2.4 **INCWADI YOBUNGANI**

Ubusemshungwini wezingane ezihlala emgwaqeni nidla izidakamizwa. Nithathwe ngoSonhlalakahle baniyisa esikhungweni sokuhlunyeleliswa kwezimilo.

Bhala incwadi uxolise kubazali bakho ubaqinisekise ukuthi ufundile emaphutheni akho. **[25]**

2.5 **ISIBUYEKEZO**

Ufunde incwadi engamiselwe ukufundwa esikoleni ekushiye ubambe ongezansi.

Bhala isibuyekezo saleyo ncwadi oyifundile. **[25]**

2.6 **INGXOXO**

Ungumfundi ofisa ukuthatha umkhakha wezifundo zobuthishela ngonyaka ozayo esikhungweni semfundo ephakeme. Uxoxisane nothisha wakho mayelana nalesi sifiso sakho.

Bhala ingxoxo phakathi kwakho nothisha. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha